Inkampani ebhekele Ezobuciko KwaZulu-Natali
Eyasungulwa ngokweSigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, we-1998 (uMthetho uNo 119 we-1998) mhla lulunye (01) kuMbasa kowezi-2003
PO Box 5353, DURBAN, 4000, 29 Acutt Street, DURBAN, 4001, KwaZulu-Natal, South Africa
Ucingo: (031) 3699555, Ifeksi: (031) 306 2166, Production Services Mayville, Ucingo (031) 208 4171 Ifeksi: (031) 208 4162
http://www.playhousecompany.com

I-THE PLAYHOUSE COMPANY
ISIMEMO SEZICELO ZOKUSEBENZISANA – INKOMBA PHC 57/2018

UKUDWEBA IZINHLAKA ZAMA-SPIRALIFTS, UKUWAKHA, UKUWAHLINZEKA KANYE NOKUWAFAKA E-THE PLAYHOUSE COMPANY OPERA THEATRE, ETHEKWINI.

I-The Playhouse Company Yisikhungo esibhekele Ezamasiko esirejistwe ngokweSigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, we-1988, ngenhloso yokukhuthaza Ezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali.

Le nkampani imema abahlinzekimisebenzi abafanele futhi abanesipiliyoni kwezokudweba izinhlaka zama- spiralifts, ukuwakha, ukuwahlinzeka kanye nokuwafaka e-theatre.

Umsebenzi ozokwenziwa ubandakanya lokhu*:*

- Ukuvuselela ama-stage lift amahlanu (5) ase-Opera Theatre kanye nokwenzangcono ama-orchestra pit lift;
- Ukuhlinzeka ngobuchwepheshe (software) obuzokwenza kubelula ukusebenza kwama-stage lifts okungaphinde futhi budidiyelwe nemishini yasesiteji ngokuhamba kwesikhathi;
- Ukufaka wonke ama- motor amasha esiteji phansi kanye nokufaka iziteji ezihambayo ezintweni zokuphakamisa;
- Ukusebenzisa kabusha iziteji ezivele zikhona;
- Ukulawula ezindaweni ezimbili imishini engaphezu kwesiteji kanye naleyo engaphansi kwesiteji;
- I-control panel kumele ibe ngesebenza ngobuchwepheshe bamakhompyutha futhi ikwazi ukugudluzeka;
- Ukuhlinzeka i-CPU/PLC enensiza eyilekelelayo (backup) ;
- Ukunikezela ngazo zonke izinto zokusebenza ezidingekayo zezokuphepha kanye nokulawula ukungena;
- Ukuhlinzeka ngoqeqesho kumakhasimende kanye nokwesekela ngokwezobuchwepheshe okuyohlala kutholakala zinsuku zonke zesonto;
- Ukuhambisana nayo yonke imithethonqubo kanye namazinga.

Okudingekayo kubalwe lapha ngezansi:

• Ukuthi urejistile ohlwini lwabahlinzekimsebenzi oluyisizinda jikelele lukaMgcinimafa kaZwelonke (C.S.D)
• Kuphoqelekile ukuthi ube nesitifiketi esisemthethweni esiqinisekisa ukuthi uyayikhokha intela (valid Tax Clearance certificate) noma inombolomfihlo (pin) owayithola ka- SARS;
• izitatimende zemimyaka emithathu ezicwaningiwe zezezimali;
. Izicelo kumele zilethwe ngesandla ekhelini elibalulwe ngezansi

Amaphepha amathenda ayatholakala eNhlokohhovisi yase- The Playhouse Company, ku-29 Acutt Street ngehora leshumi (10h00) mhla zimbili **(02) kuNdasa kowezi-2018**. Ukuze ukwazi ukuthola amaphepha ethenda kudingeka ukhokhe kuMnu. Sudesh Harilal (ext. 9443) imali engukheshi okungu- R 350 ongayukubuyiselwa wona.

Kuzoba nomhlangano ophoqelekile wokuyobona indawo mhla ziyisishiyagalolunye **(09) kuNdasa kowezi-2018 ngehora le-10h00** e- The Playhouse Company, ku-231 Anton Lembede Street, Durban 4001.

Usuku lokuvala ukuthunyelwa kwezicelo umhla zimbili **(02) kuMbasa kowezi-2018 ngehora leshumi nanye ekuseni (11h00)**. Angeke zamukelwe izicelo eziyolethwa sekudlule isikhathi. Izicelo kumele zibhalwe ngokucacile futhi zifakwe emvilophini evalwe ngci bese ithunyelwa kuleli kheli: koyiSikhulu Esiphezulu: e-The Playhouse Company, 29 Acutt Street, Durban 4001.

Maqondana nemibuzo uyacelwa ukuba uxhumane noMnu. Siya Manqele kule nombolo yocingo: 031- 369 9507 noma kule i-imeyili: accountingassistant@playhousecompany.com